## UMBONO, IZINHLOSO, OKUQONDIWE NAMAQHINGASU | ISITATIMENDE SEZINHLOSO | IZIMISO EZINQALA |

***Umbono***

Kuyothi kushaya owezi-2030 uMasipala WeSifunda iHarry Gwala uzoba ngophuma phambili ekuhlinzekeni ngamanzi esifundazweni iKwaZulu-Natal lapho imiphakathi yawo iyobe izuza emikhakheni yezolimo nezokungcebeleka ehlabahlosile.

***Isitatimende Sezinhloso***

Ukusebenzisana nemiphakathi yawo nababambiqhaza uMasipala WeSifunda iHarry Gwala uzoqinisekisa ukuthi uhlinzeka izinsizakalo zamanzi ahlanzekile, aphuzekayo angaphazamiseki kanye nezinsiza zenhlanzeko ezifanelekileyo futhi ulwele ukuthuthukisa imikhakha yezolimo nezokungcebeleka ukuqinisa isithunzi sabantu.

***Izimiso Ezinqala***

- Ukuveza obala
- Ukubonisana
- nokwethembeka
- Izibophezelo
- Ukuzibophezela





# UHLU LOKUQUKETHWE


1. Umbono, Isitatimende Sezinhloso kanye neZimiso Ezinqala……………….......2
2. Amazwi Okwandulela Omhleli..........................………….......................…....4
   - Ikhasi Elisha Kuhulumeni
3. Isandulelo seMeya............................................................................................5-6
   - Umphakathi Kumele Udlale Indima Ekuqikeleleni ukuthi Uyayivikela Ingqalasisinda Ingalinyazwa
4. Amazwi kaMenenja kaMasipala ………………..........………………........……7-8
   - OMasipala Kumele Banganqikazi Ukuthatha Izinyathelo Kulabo Abathunasa iSifunda
5. UMasipala waseHarry Gwala Umkhandlu Omkhulu....................................…9-10
6. Umbiko Ngamanzi - Udidiyelwe Ithimba Lamanzi eHarry Gwala…...................11-12
   - Umkhankaso Wokuqwashisa Ngokusetshenziswa Kwamanzi
7. Sibe Yimpumelelo Isithangami Sokudingida Ezamanzi…...................................13
8. Akusensuku Zatshwala Kuxazululeke Izinkinga Zamanzi.................................14-15
9. I-Harry Gwala neminyakazo yokuphakela iSifunda Sonke Amanzi ...................6
10. Uhulumeni Wesifundazwe e-KZN Nezinyathelo Zokweseka ……..................17 Ukuhweba Ngoboya Bezimvu
11. Ngezithombe: Umhlangano woMkhandlu oMkhulu eHGDM ...........................18-19
12. Kugujwe Usuku Lokuzalwa lukaiNelson Mandela eHarry Gwala District……...20
13. Umgubho waBesifazane.........................................................................................21
14. UMeya uZamo Nxumalo Ugubhe Inyanga Yabesifazane.................................22 namaKhansela esifazane ngesikhathi sohlelo lwesishiyagalombili lomhlangano woMkhandlu eHarry Gwala District Municipality
15. Ikhansela Elinothando UlokuThuthukisa Abantu……..……………..…............23-24
16. I-HGDM Iqinise Isikimu Ngokuqoka Sethimba Lezezimali..............................…24
17. IMenenja Entsha Ceke Ophikweni Lwamanzi eHarry Gwala...........................25
18. Umshayeli Wamaloli wase-HGDM Ayikho Emjabulisa Ukwedlula……….......26 Umsebenzi Wakhe
19. Ukusebenza Kanzima nokuziMisela Ngukhiye Wempumelelo.........….…….27
20. Sikwethulela Umdidiyeli we-EPWP.………………….........…........................28
21. Umbukiso woSosayensi Abancane.……………………………………......……29
22. Ifu Elimnyama KuMasipala weSifunda i-Harry Gwala……………………...….......30
23. Bathobeke Amanxeba Abakhahlanyezwa Yizikhukhula Emzimkhulu ……......31
24. Ishisandlu Nemililo Yacekela Phansi Okuningi e-Harry Gwala……………........32-33
25. Wenze Ezibukwayo uMasipala waseHarry Gwala Kwimidlalo..........................34-35 Mngeni-Uthukela Yeminyaka Yonke
26. Xhumana Nathi...........………………………………………………………….............36




SEND ME TO BUILD THE MZANSI I WANT

2030 NDP

*"Sindawonye Siyahlinzeka futhi Siyakhula"*

Amazwi Okwandulela Omhleli

# IKHASI ELISHA KUHULUMENI



**Umphathi Wezokuxhumana |**
UMnu Ndabezitha Tenza

**Kuyintokozo enkulu ukunamukela ngemfudumalo kulolu shicilelo lokuqala lonyaka-mali ka-2024/2025. Sibonga ukuqhubeka nokuseseka kwenu. Lolu shicilelo luphuma njalo ngekwata onyakeni ukuze nihlale nazi ukuthi uMasipala wenu wenzani, nenqubekela phambili yezinhlelo zomphakathi zentuthuko.**

Kusijabulisa kakhulu ukusho ukuthi kuhamba kahle ukuxhumana nokubambisana ezinhlakeni ezahlukene, kusukela eminyangweni kahulumeni kazwelonke nowesifundazwe kanye nomasipala esinabo. Sihlangana nje sekube nezinguquko ezinqala ekubusweni kwezwe eNingizimu Afrika. Kusanda kubunjwa uhulumeni wobumbano owaziwa nge-Government of National Unity (GNU) ngemuva kokwehluleka kwamaqembu ukuwina ingcaca okhethweni.


Imiphumela yokhetho kaMeyi 29, 2024, yiyo eholele ekwakhekeni kwe-GNU okuwuhlaka oselulethe izinguquko ngokubusa ngokubambisana kuzwelonke nasesifundazweni. Okulindelekile ukuthi wonke amazinga kahulumeni kwezokuxhumana kumele amukele lolu shintsho. Njengabasophikweni lwezokuxhumana kuhulumeni silindeleke ukuba sisebenze ngokuzimela, singabi sepolitikini yobuqembu. UMasipala weSifunda iHarry Gwala usanda kwenza lokhu ngempumelelo ohlelweni lwezokuthuthukiswa komnotho obeluholwa yiHhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natal noMnyango wezoLimo nokuthuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya.

UNdunankulu uMnuz Thami Ntuli noMphathiswa uNkk Thembeni Madlopha-Mthethwa, behambisana nobuholi beSifunda obekukhona kubo uMeya waseMzimkhulu uKhansela Jabu Msiya-Mzizi, uSomlomo weSifunda uKhansela Sibongiseni Mdunge nabanye babekhona kwethulwa lolu hlelo.

Muva nje sisanda kuba nenkundla yabasebenzi bezokuxhumana, i-District Communicators Forum, ebibanjelwe kuMasipala i-Dr Nkosazana Dlamini-Zuma lapho bekudingidwa khona ezokuxhumana. Phakathi kokuningi, kuboniswane ngendlela eyodwa yezokuxhumana ezolandelwa yithi kulolu phiko komasipala.

Njengengxenye yokukhuthaza ukunyakazisa imizimba ibe nempilo, nokwakha ubuhlobo nokuqinisa amaxhama, ithimba lase-Harry Gwala libe yingxenye yomqhudelwano wobungani Umngeni-Uthukela Sports Tournament ebibanjelwe eThekwini ebe yimpumelelo enkulu.

Angisebenzise leli thuba ukwamukela nokwethula ozakwethu abasha ethimbeni lezokuxhumana uNksz Ath'enkosi Baqwa, uNksz Xoliswa Dlamini noFundisile Qoza.




UNks uNontuthuko Ngubane:
**Umxhumanisi KaMasipala Noluntu (PRO)**





UMnu uLindokuhle Chiliza:
**Omele i-Government Communications and Information Systems (Gcis) e-Harry Gwala**



UNks uAth'enkosi Baqwa:
**Isekela kwezokuXhumana**



UNks uXoliswa Dlamin:
**Isekela kwezokuXhumana kwa-EPWP**



UNks uFundisile Qoza:
**Ithwasa kwezokuXhumana kwi-EPWP**

Isandulelo seMeya

# Umphakathi Kumele Udlale Indima Ekuqikeleleni ukuthi Uyayivikela Ingqalasinda Ingalinyazwa.

**Kuyintokozo kimi ukuphinda ngithole leli thuba lokuxhumana nezakhamizi zikaMasipala weSifunda sethu kule nkundla yethu. Empeleni le nkundla yakhelwe khona ukuthi sikwazi ukunazisa ngokwenziwa uMasipala wenu, izinhlelo zentuthuko nokuletha imibiko ngosekwenzekile nokungakenzeki.**
**Phakathi kwezinto ezimqoka kulokhu ukunibeka esithombeni ngendaba esegudwini yomshikashika wokulethwa kwamanzi nenhlanzeko esifundenji sethu.**

**ISifunda i-Harry Gwala neminyakazo yokuqinisekisa ukuphakelwa kwamanzi**

Akusensuku zatshwala ukuthi uMasipala weSifunda i-Harry Gwala uphothule amaphrojekthi engqalasizinda yamanzi njengoba kumanje lezi zinhlelo ziku-95%. Lokhu kusho ukuthi likhulu igxathu eselithathiwe kule misebenzi kwazise phambilini iSifunda sethu sasihleli ku-55%, manje sesinyukele ku-65% wokuphakelwa kwamanzi eSifundeni sonke.


Lokhu kwenzeke ngenxa yokuzinikela kwethu ekuqhubeni intuthuko yengqalasizinda yamanzi futhi silandela izikhathi esazinqumela zona ukuba kufezwe lezi zinhlelo. Lapho besithola ukuthi kungumqansa khona, senza okusemandleni ukusheshe sixhumane nezakhamizi ukuze sibheke izixazululo.

Kumaphrojekthi aqhubekayo njengamanje nasesondele ekupheleni singabala lawa:

**Amaphrojekithi aqhubekayo nalawo asezigabeni zokuphela abalwa nalawa:**

**> UMnqumeni:**
Lo msebenzi uzoqaqa eziningi izinselelo zokushoda kwamanzi ezigodini ezingu-14 lapho sekuvuselelwe ingqalasizinda yamanzi.

**> Ilphrojekthi yase-Ibisi:**
Sekusele kancane uphele umsebenzi lapha nokuzothi nxa usuphothuliwe bese kuxhunywa yonke



UMhlonishwa, uMeya | uKhansela uZ.D Nxumalo

imizi esohlelweni, okuyosho ukuthi labo bantu sebenamathoyilethi ashaywayo.

**> KwaMeyi:**
Kube nobuhixihixana kulo msebenzi kodwa izindaba ezinhle zithi lezo zingqinamba sekwedluliwe kuzo.
Kulindeleke lo msebenzi uphele ngo-Okthoba nonyaka.

**> Iphrojekthi i-The Greater Summerfield:**
Selidumela emasumpeni impela kulo msebenzi njengoba kungathi kuphela uSepthemba kube sekulunge konke.

**> E-Fairview:**
Sekuthiwe khumu lapha, indima ihlangene, kuqediwe.

**> IDamu i-Kempsdale:**
Inkampani ezokwakha lapha isiqokiwe, kubhekwe





SEND ME TO BUILD THE MZANSI I WANT
2030 NDP

*"Sindawonye Siyahlinzeka futhi Siyakhula"*

ukuba kuqalwe nge-pumpstation njengoba uMasipala usalinde ilayisensi eMnyangweni wezaManzi neNhlanzeko engxenyeni yokwakha udonga lwedamu. Lona ngeminye yemisebenzi emikhulu eHarry Gwala lapho kuzonwetshwa khona idamu kusuka ku-4 metres kuya ku-7.8 metres. Inhloso enkulu ukuthi uma seluqediwe udonga izingqinamba eziningi zokushoda kwamanzi eKokstad zizophela.

### Inyanga yeMbokodo

Njalo ngonyaka kugujwa amagalelo abantu besifazane ngenyanga uNcwaba. Kuba yisikhathi esimqoka lesi ngoba kusuke kukhunjulwa iqhaza elabanjwa abesifazane ababalelwa ku-20 000 abamashela e-Union Buildings ePitoli bekhononda ngomthetho wamapasi.

Inyanga ka-Ncwaba isinika ithuba-ke ukuthi sibonge abesifazane abayizimbali zesizwe. Umlayezo oyingqikithi yale nyanga nonyaka uthi: "Sigubha iminyaka engu-30 yeNtando yaBantu ekuthuthukisweni kwabesifazane". Nonyaka kuphela iminyaka engu-68 kwenzeka le nqophamlando yemashi yembokodo ilwa namapasi.

Kukuyo inyanga kaNcwaba lapho sithola ithuba lokubheka ibanga eselihanjwe yizwe lethu ekufukuleni imbokodo, siphinde sikhomozane kabusha ngokumele sikwenze ukuze umkhankaso wokunika abesifazane amathuba alinganayo ungaphelelwa umfutho.

Kuyo yonke imbokodo, ngifisa ukubonga ngenhlonipho ngeqhaza lenu esizweni nobuqhawe benu emikhakheni eyahlukene futhi ngiyanikhuthaza ukuthi niphakamisane nani.

> **Kuyo yonke imbokodo, ngifisa ukubonga ngenhlonipho ngeqhaza lenu esizweni nobuqhawe benu emikhakheni eyahlukene futhi ngiyanikhuthaza ukuthi niphakamisane nani.**



### Asihlale siqaphile

Angithathe leli thuba ukwenza inhlabamkhosi kubantu bonke base-Harry Gwala. Siyabona sonke ukuthi ukuguquka kwesimo sezulu kudala omkhulu umonakalo. Kumele sihlale siqaphile ukuze kuhlengeke izimpilo. Uma kukhishwa izexwayiso ngolaka lwezulu, ngiyacela silandele izeluleko ukuze siphephe.
Uphiko lwethu lwakwa-Disaster Management neminye iminyango egunyazwe ukuba ikhiphe izexwayiso bayokwenza konke okusemandleni ukuthi sihlale sazi.

Angiphethe ngokuthi ngikhuthaze ukuvuselelwa kwezindlela zokungeniswa kwemali eSifundeni. UMnyango wethu wezeziMali usuqale imikhankaso yokukhuthaza abantu ukuba bakhokhe izikweletu zokulethwa kwezidingo. Asibike ngamapayipi amanzi avuzayo ukuze ukumosheka kwezinto kusheshe kulungiswe. Kumele sikujwayele ukubika nezimo lapho kucekelwa phansi ingqalasizinda ngoba ekugcineni kuphazamiseka izinhlelo zokuphucula impilo yethu sonke.

UMasipala wethu usebenzise eshisiwe imali ebalelwa ezigidini ngezigidi zamarandi ekulungiseni ingqalasizinda kusetshenziswa imali yabakhokhintela. Njengezakhamizi kungumsebenzi wethu ukuthi izakhiwo zikahulumeni ezisemphakathini ziphephile ngoba ngazo kuhloswe ukwenza impilo ibe ngcono.

Ngiyabonga.

Amazwi kaMenenja kaMasipala

# OMasipala Kumele Banganqikazi Ukuthatha Izinyathelo Kulabo Abathunaza iSifunda



**IMenenja kaMasipala | UMnu uGamakulu Ma-Art Sineke**

**Angibingelele kuzo zonke izakhamizi kuMasipala weSifunda iHarry Gwala nomasipala abangaphansi kwaso. Simi emgomweni wokusebenzela ukulethwa kwezidingo kubantu ngendlela elinganayo, engachemile, eseqophelweni eliyilo nehlonipheklie.**

**Le ngosi iyingxenye yoshicilelo lombiko weSifunda ekwateni yokuqala onyakeni wezimali ka-2024/2025. Njengenhloko ebhekele ukusebenza kwezinhlelo kuMasipala ngifisa ukuthi thasi kulezi zihloko ezilandelayo: ubuholi, ubuqotho nokuzibophezela.**

### Ubuholi

Uhlaka olwaziwa nge-White Paper on Local Government lugcizelela kakhulu indaba yobuholi njengenye yezinsika kohulumeni bezindawo ababhekene nentuthuko. Ezingeni loMasipala ubuholi obuphusile bubalwa njengenye yezingxenye ezimqoka ezinhlosweni zentuthuko, ikakhulu komasipala abafana nalo wethu osemakhaya. Impumelelo lapha isekusebenzeni ngokubambisana okukhona emithethweni eyengamele ohulumeni bezindawo.

Ngaleyo ndlela ubuholi abubhekene nokukhomba indlela, kodwa kumele buqinisekise ukuthi isimo sokusebenza singesamukelekile, kube nokuxhumana okuvulelekile, kukhuthazwe amasu amasha, nezindlela zokukhomoza abasebenzi bahlale besemoyeni okhululekile.

UMasipala unamathimba ehlukene asebenza ukufinyelela ezinjongweni ezahlukene kodwa ezinombono owodwa. Okumqoka kakhulu ukuthi umnyango nomnyango kumasipala unabantu abanamakhono namava angefani okumele adidiyelwe ndawonye endleleni ebheke esiphethweni sinye.

## ABAQONDISI ABAPHEZULU



**ISikhulu Esiphezulu Sezezimali:**
UMnu Khulani Mthembeni Brian Mzimela



**Ezenhlalakahle Nezokuhlela Intuthuko:**
UNks Ntombifuthi Nomvuselelo Fortunate Buthelezi



**Izinsizakalo Zengqalasizinda:**
UMnu Nkululeko Biyase



**Ezabasebenzi:**
UNks Thobile Thelma Thiyane-Magaqa



**Izinsizakalo Zamanzi:**
UMnu Lindumusa Gwala

Yingakho kumqoka ukuba ikomidi labaphathi libe nomhlahlandlela wokulethwa kwezidingo kubantu eSifundeni sethu. Lo mhlahlandlela udinga ukuhlelwa nesinono, wesekwe ngokwanele futhi kweluswe ukusebenza kwawo.

Singephike ukuthi izinhlelo zingefezeke ngaphandle kwabasebenzi abanogqozi nothando lokufezekisa umbono wabaphathi nobuholi ezingeni lombusazwe.

### Ubuqotho

UMthethosisekelo waseNingizimu Afrika ukubeka kucace ukuthi omasipala bezindawo bayisibuko sokusebenza kwentando yabantu.

Njengoba sibhekene nokufakwa kwezinhlelo zamanzi nenhlanzeko siyiSifunda, konke lokhu kumele sikwenze ngobuqotho. Lapha sibala ukuhlonipha izibopho esibekelwe zona, nokwenza ngezindlela ezisobala nokukhuthala okungangabazeki ekuphuculeni izimpilo zabantu. Kunenqubomgomo, imithetho nemingcele ngendlela abasebenzi bakamasipala namakhansela okumele baziphathe ngayo uma benza le misebenzi.

Kunohla olulawula indlela yokuziphatha olubhekene namakhansela, kube nokubhekene nezisebenzi zikahulumeni. Kulolu hla kukhona namaphuzu athinta izindlela zokulwisana nenkohlakalo asiphoqa ukuthi ukunyathela kwethu kungabi nogcobho wenkohlakalo, sigweme nemikhuba engenabuqotho.

Imithetho ebhekene nalokhu ayigcini ngokubeka imigomo kubasebenzi namakhansela, kodwa igcizelela ukuziphatha kubaholi ekutheni bangananazi ukuthathela izinyathelo labo abatholakala benamabatha.

### Ukuzibophezela

Iphuzu engisuka kulo ngenhla liyinhlabamkhosi ebuholini mayalena nezibopho zikahulumeni. Le ndaba ingumongo kuhulumeni wesimanje wentando yabantu futhi konke kwakhelwe phezu kwayo. Uma abaphethe bezenzela umathanda ngezinqumo ezithinta ukuphathwa kwabantu nokwenganyelwa kwezimali, indaba yentando yabantu ayikho. Imigomo ngokwethembeka yiyona eyiphoyisa lomphakathi ekuphathweni kukahulumeni.





Uma amakhansela nabasebenzi bephethe imisebenzi ngokwethembeka, bakhombe indlela eyiyo ngaso sonke isikhathi, isithunzi sikaMasipala weSifunda siba sendaweni ehloniphekile futhi nabantu bayahlomula ngokusebenza ngobuqotho kukahulumeni.

### Isiphetho

Lezi zihlokwana engikhulume ngazo ziyinsika engafeza impumelelo onyakeni-mali ka-2024/2025 njengoba siqhuba umkhankaso wokunqoba izinselelo zezwe, sisuse imigoqo nobuthaka ngokubambisana ngenhloso yokwenza ngcono izimpilo zabantu. Umbono wokuthuthukisa iSifunda sethu singabona usufezeka uma sizolawulwa yile mingcele.

***Ngiyabonga.***

## Umbiko Ngamanzi - Udidiyelwe Ithimba Lamanzi eHarry Gwala

# Umkhankaso Wokuqwashisa Ngokusetshenziswa Kwamanzi

**Uphiko lwezokunakekelwa kwamakhasimende kuMasipala weSifunda iHarry Gwala, lunohlelo okuhloswe ngalo ukufundisa umphakathi nezingane zesikole ngokuphathisa okwezikhali zamaNtungwa amanzi. Ingqikithi yemikhankaso iyaguquka, kuye ngokuthi yiziphi izinselelo okubhekenwe nazo ngaleso sikhathi.**
**Izihloko ezivame ukubhekwa ukongiweni kwamanzi, ezempilo nenhlanzeko, ukucekelwa phansi kwengqalasizinda yamanzi nokuqhuma kwamapayipi. Imikhankaso eqhubekayo njengamanje emiphakathini yase-Harry Gwala yile elandelayo:**

### - Ukongiwa kwamanzi

Ngale mikhankaso kuhloswe ukuqwashisa abantu ngokubaluleka kokonga amanzi ukuze kungabi nokushoda ngenxa yobudedengu. Inhloso enkulu ukushintsha indlela abantu abasebenzisa ngayo amanzi ukuze singalahlekelwa yilawa amancane esinawo.

Ukuqaphela ukusebenzisa amanzi singawaxhaphazi kungalekelela kakhulu ekuwongeni eSifundeni sethu. Izakhamizi zikhuthazwa nokuthi zivale amapayipi avuzayo ngaphakathi emizini yazo. Umkhuba wokonga amanzi nokuqinisekisa ukuphakelwa kwamanzi ahlanzekile kumqoka ngokufanayo ukuze wonke umuntu ahlomule ohlelweni lwamazi eSifundeni iHarry Gwala.



Kuyimpoqo ukusebenzisa amanzi ngendlela kuyo yonke imikhakha kuMasipala wethu. Izakhamizi eHarry Gwala ziyakhuthazwa ukuba zivame izindlela ezisiza kongeke amanzi nangokukhongozela amanzi emvula.

### - Ukuthuthwa kwemfucuza, ezempilo nenhlanzeko

Ukuqonda ngezenhlanzeko kungungqa phambili ezinhlelweni zikamasipala ukwehlisa ubungozi bezifo ezingadalwa ukungcola emphakathini. Umkhankaso wokuqwashisa ngobumqoka bokuhlanzeka uqala endlini emakhaya nasemphakathini, lapho kumele siqaphele indle ukuthi ingasakazeki isinoma kanjani, ngisho ukugeza izandla nje lokhu nokusetshenziwa kwamathoyilethi okumele abe nezindawo zokugeza izandla.

Kuvamile ukuthi ukungcoliseka kwamanzi isikhathi esiningi kwenzeka emakhaya, ekusetshenzisweni kwezinto ezingahlanziwe kahle nokuphathwa budlabha kwamanzi okuphuza. Ukwehlisa ukunukubezeka kwamanzi ngokuthi siyeke ukulahla udoti noma kuphi, nokuchithwa kwamanzi agcolile noam kuphi kungaholela ezinkingeni ezingcolisa amanzi okuphuza.

### - Ukucekelwa phansi nokwebiwa kwengqalasizinda

Lokhu kusukela ekulinyazweni ngamabomu kwengqalasizinda yamanzi kamasipala noma ukwebiwa kwamapayipi, amakhebuli akwa-Eskom, ompompi, amaphampu nokunye. Lezi zenze zithwesa omkhulu umthwalo isabelomali kamasipala okumele ulethe izidingo kubantu ngaso sonke isikhathi. Kufaka ingcindezi ezimalini lapho imali ebhekele ukusebenza kwengqalasizinda isifakwa ekuphesheni umonakalo odalwa yizigangi namasela. Sikhuthaza kakhulu izakhamizi nomphakathi wonkana ukuba







baselekelele ukulwa nalesi sihlava ngokubika masisha enombolweni ye-Call Centre nasemaphoyiseni uma bebona kukhona ogila le mikhuba. Yiyona kuphela indlela engenza ukuba sithole amanzi nezinye izidingo ngale kokuphazamiseka.

### Ukuxhuma ngokungemthetho

Ukuxhunywa kwamapayipi namakhebuli ngokungekho emthethweni kufaka abantu kolukhulu ubishi ngoba amanzi amaningi agcine engazekanga ukuthi ashonaphi ngenxa yokumomwa okungangunyaziwe. Okulandelayo umasipala uyalahlekelwa ngoba isikalo sawo sihlale sedlula emanzini asetshenziswayo kodwa imali engenayo ingabonwa.

Nalapha kumele umphakath uhlale wazi ukuthi lezi zidingo zilethwa kuwo, ukuzama izindlela eziphambene nomthetho ekuxhumeni ngokwakho kwingqalasizinda kahulumeni kungumhobholo ongenambuyiselo. Labo abafuna ukuxhunyelwa amanzi ezindlini futhi bezimisele ngokukhokhela lowo msebenzi abaxhumane nomasipala ngenombolo yase-Call Centre ukuze kulandelwe imigudu efanele.

### - Ukwandisa imali engenayo nokufakwa kwam-smart metre

Uphiko lwakwa-Customer Care nalo lubhekele ukufundisa abantu ngokufakwa kwama-metre amasha okuwuhlelo okuhloswe ngalo ukwehlisa ukumoseka kwamanzi agcina engangenisanga mali. Le mikhankaso yenziwa ukuze abantu bafundiswe ngale ndlela entsha, yamukeleke. Imiphakathi iyakhuthazwa ukuthi ibe yingxenye yemihlangano ehlelelwe lokhu ukuze ibe nolwazi ngokuthi kwenziwani.

**QAPHELA:**

- **Yiba yiso likahulumeni kwingqalasizinda yamanzi kahulumeni, weseke imikhankaso eqondene nalokhu ukuze welekelele ukuphathwa kwamanzi.**
- **Ungasebenzisi amanzi kuze kweqe k ungenasidingo.**
- **Qinisekisa ukuthi uyawuvala umpompi uma ugeza izitsha noma uxubha.**
- **Ungathathi ishawa umlibe.**
- **Kuyasiza ukuba yikhasimende le-prepaid ukuze ukwazi ukunqanda ukumoseka kwamanzi.**
- **Xhumana nomakhelwane nabangani nenze ilima lokuyohlanza ukungcola emifuleni nasolwandle.**

- Inombolo yefoni yakwa-Customer Care: **086 010 3651**
- Inombolo ka-Whatsapp yakwa-Customer Care: **060 570 6193**
- Inombolo yamaPhoyisa: **10111**

DO NOT WASTE WATER

# SIBE YIMPUMELELO ISITHANGAMI SOKUDINGIDA EZAMANZI





**Ihhovisi likaMeya, uKhansela Zamo Nxumalo, libe nesithangami esiyimpumelelo sokudingida izindaba zamanzi ngaphansi kwengqikithi ethi Water Indaba. Lokhu kubonisana bekusingethwe emahhovisi kaMasipala uBuhlebezwe, eXobho, muva nje lapho bekudingidwa ngezinselelo ezibhekene nokuphakelwa kwamanzi nenhlanzeko eSifundeni iHarry Gwala. Kuphinde kwabhekwa nezinhlelo ezenziwayo ukulungisa izinkinga ezikhona.**

Lesi sithangami besethanyelwe yiMeya yase-Greater Kokstad Municipality uKhansela Lwando Madikizela, iMeya kaMasipala uMzimkhulu uKhansela Jabu Msiya-Mzizi neyase-Dr Nkosazana Dlamini-Zuma uKhansela Sindisiwe Msomi. bekukhona namakhansela eSifunda neMenenja uMnuz Gamakulu Sineke ehambisana nabo bonke abaqondisi nababhekene nophiko lwakwa-Water and Sanitation.

Kwabanye abebekule nkundla bekuyiMenenja yase-Greater Kokstad uMnuz Sipho Zwane. UMeya Nxumalo nguye obehola ingxoxo, ebambisene nethimba lakhe okukhona kulo iPhini lakhe uKhansela Nosisa Jojozi, uSomlomo uSibongiseni Mdunge, uSotswebhu uKhansela Noluthando Mhatu, nosihlalo wekomidi lamanzi uKhansela Simphiwe Bekwa.

Enkulumweni yakhe, uMkhatshwa uthe amakhansela kudingeka akhuthalele ukuba namasu amasha ngokulethwa kwezidingo kubantu. "Sidinga unyawo olusha nezixazululo ezahlukile njengamakhansela, ikakhulu endabeni yamanzi nenhlanzeko eSifundeni sethu. Abantu babheke kithi ukuba siqhamuke nezisombululo ezinkingeni abbabhekene nazo," kusho uNxumalo.

Ugcizelele ukubaluleka kokuthi izingqinamba zamanzi zisheshe zixoxwe, zifinyelele kubantu, kungalindwa kuze kube nokukhononda. "Kumele kube yithi kuqala makhansela esazisa abantu ngesikwenzayo nesibhekene nakho endabeni yamanzi. Yithi okumele sisho ukuthi kuzothatha isikhathi esingakanani ngaphambi kokuba kutholwe isisombululo," kuqhuba uNxumalo.

Kube sekwendlalelwa abebekhona ngamaphrojekthi amanzi azosiza ukuqaqa amafindo endabeni yamanzi eSifundeni. Ekudingideni umkhombandlela, emakhansela aphakamise imibuzo, aphinde aveza okungaba yizisombululo emaWadini awo. Izethameli ebezihambele Indaba zilushayele ihlombe uhlelo lwesithangami lapho kuvulelwana khona izifuba ukuze kutholwe izixazululo endabeni yamanzi. UMeya Nxumalo naye uzwakalise ukubonga kwabebekhona nababambe iqhaza esithangamini.











SEND ME
TO BUILD THE MZANSI I WANT
2030 NDP

*"Sindawonye Siyahlinzeka futhi Siyakhula"*

# Akusensuku zatshwala kuxazululeke izinkinga zamanzi

## Kuhlinzekwe isamba esingu-R241 million kulo nyaka wezimali ukubhekana ngqo nezinselelo ezingase ziqhamuke ezinhlelweni zamanzi.



**UMqondisi oMkhulu eMnyangweni wezaManzi:**
UMnu  Lindumusa Gwala

**Umasipala weSifunda iHarry usumi ngomumo ngokuqeda nya izinkinga ezivame ukuphazamisa ukuphakelwa kwamanzi kulo Masipala njengoba ubeke eceleni imali engu-R241 million azocupha ngayo uma kuvela izithiyo. Ingxenye yale mali ibekelwe ukweseka kumaphrojekthi amanzi amakhulu asezophothulwa.**
**Sibe nengxoxo noMqondisi ophezulu woMnyango wakwa-Water Services kuMasipala iHarry Gwala, uMnuz Lindumusa Gwala nethimba lezokuXhumana liholwa iMenenja yalo uMnuz Ndabezitha Ntenza. Inhloso enkulu bekungukwenaba ngezinto ezimqoka, izinhlelo namagxathu asethathiwe ekulethweni "kwamanzi ahlanzekile kuwo wonke umuntu" okungasho ukuthi izidingo zifikile kubo bonke abafanelekile.**

Ekhuluma ne-Harry Gwala Newsletter, uMnuz Gwala uveze ukuthi uMasipala weSifunda iHarry Gwala ubalwa nomasipala bezindawo zasemakhaya, oncike kakhulu ezibonelelweni ezikhishwa uhulumeni omkhulu. Uthe lokhu kungenxa yezinga eliphansi lokuqoqwa kwenkokhelo yezidingo kulo masipala okudalwa ukungasebenzi kwabantu abaningi endaweni, akufani nakomasipala abakhele amadolobha amakhulu.

Eqhuba nokuchaza, uMnuz Gwala uthe kunamaphrojekthi namathangi okugcina amanzi asakhiwa ukuze kuphakelwe amanzi ezindaweni ezisemakhaya, lapho sekutshalwe khona izigidi zamarandi kodwa akukho nzuzo engenayo ngalawo manzi. Kunjalo nje, usho kanje, lezi zindawo zidinga ukunakekelwa abantu abaqashwe ngokugcwele abahlanza amanzi nabanakekela ingqalasizinda abadinga ukuholelwa.
Uthe yingakho uMasipala uqinisa ngokwakha lapho kuzoba khona imali engenayo, kodwa okungasho ukuthi bazoshiya ijoka likaMasipala lokuletha amanzi ahlanzekile ezindaweni ezisemakhaya.



"Isabelo sesibonelelo i-Municipal Infrastructure Grant (MIG) nonyaka siwu-R241 million. Sesiwutholile vele uR230 million," kusho uMnuz Gwala.

Uphinde wabalula ukuthi kuno-R100 million wesibonelelo esaziwa nge-Water Service Infrastructure Grant (WSIG) esibhekene nezinselelo zezidingo zamanzi eziphuthumayo njengokubhola ama-boreholes ukuze abantu bathole amanzi.

**Nanka amaphrojekthi uMnuz Gwala athe asezinhlelweni zalo nyaka-mali esikuwo:-**

Umzimkhulu Sewers, Umzimkhulu Sewers, uMnqumeni Water Supply Scheme, Mabona Water Supply Scheme, Greater Summerfield, Highflats Water Supply Scheme, Ncakubana Water Supply Scheme, Greater MaNdlovu Water Supply Scheme, KwaMay Water Supply Scheme, Khukhulela Water Supply Scheme, Mdakeni Hopewell stanger, Don-dush, Santombe Village Sewer, Blome Village, Ibisi Housing Sewer Project neMathathane Village. Kukhona nohlelo lokulungiswa kwengqalasizinda ese-Horseshoe.

Kulo R100 million kuzophinde kubhekelwe nohlelo lwaseMkhohlwa Mdayeni Water Supply oluzodla R16.9 million, iMachunwini Water Supply Scheme ezobiza R15.7 million, ukulungiswa kwengqalasizinda eBhongweni okulindeleke kube nezindleko ezifika ku-R35 million noR30 million waseShayamoya. UMnuz Gwala uphinde wathi kunezibonelelo zangaphakathi ezinesabelo sika-R54 million kanti noMnyango wakwa-Cogta usanda kuphasisa uR60 million wohlelo lokubuyekezwa kwesibonelelo i-MIG.

## IZINSELELO

Phakathi kwezinselelo ezidalulwe uMnuz Gwala kukhona ezokuthi uMasipala ubuye ashodelwe yizimoto ngenxa yokuthi ezinye ezikhona sezizindala, zifa njalo. Uphinde wabala ukuxhunywa kwamanzi ngokungemthetho, ukucekelwa phansi kwengqalasizinda nokwebiwa kwayo. "Siyaqhubeka kodwa nokugqugquzela abantu ukuthi imiphakathi ayivikele izakhiwo, basheshe babike kwabomthetho ngezigangi ezicekela phansi ingqalasizinda," kusho uMnuz Gwala.

Echaza ngezinsiza ezikhona, uthe uMasipala unoMnyango olawula izimoto, okukhona amaveni angu-35, amaloli amanzi angu-14, ayisithupha athutha indle nama-TLB amathathu. Kumanje, ngokusho kukaMnuz Gwala, kunezinhlelo zokwengeza ngenye i-TLB ezobhekana nomasipala abane abangaphansi kweSifunda iHarry Gwala.

Mayelana namanzi abuye aphume edungekile kompompi, uMnuz Gwala uthe lokhu kudalwa ubuningi bomsebenzi owenziwayo njengamanje kulungiswa ingqalasizinda esindala. "Sesihlanganise uhlelo oliyisethulo saluhambisa kwa-Cogta mayelana nokuvuselelwa kwengqalasizinda egugayo," usho kanje.
Uphinde wacacisa ngomthwalo wamanzi angangenisi mali okufanele uMasipala uthwale izindleko zawo.

## UKUFAKWA KWAMA-PREPAID METER

Uhlelo lokufakwa kwamamitha okukala amanzi asetshenziswa amakhasimende yindlela yokuphucula isimo sokuqoqwa kwezikweletu kuMasipala weSifunda iHarry Gwala. Njengoba lo masipala usemakhaya ubhekene nezinselelo eziningi okubalwa kuzo isibalo sabantu abaningi abangasebenzi yize uMasipala usebenzisa imali engu-R300 million ukuze ulethe amanzi engabuyisi nzuzo esikhwameni.



UMasipala wenza konke okusemandleni ukuthi ulandele inqubo eshunyanyelwa oyi-Chief Financial Officer uKhulekani Mthembeni Brian Mzimela, yokutshala imali lapho kunamathuba okungenisa imali.

Lesi ngesinye sezizathu uMasipala weSifunda iHarry Gwala ukhethe ukufaka ama-prepaid metre azokwehlisa ukusetshenziswa kwamanzi isinoma kanjani nezimnye izinselelo. UMphephethwa uthe uhlelo lwama-prepaid metre iSifunda sonke luzofinyelela emizini engu-20 000. "I-Kokstad iyodwa nje silindele kufakwe angu-13 700 njengoba sekuvele kufakwe angu-2000 sikhuluma nje," kusho uMnuz Gwala.

Uthe uhlelo lusengasekuqaleni futhi kusagxilwe kakhulu ezindaweni ezakhele amadolobha okwamanje lapho abantu bekwazi ukukhokhela izindleko zezidingo. "Ngalokhu sihlose ukuqinisekisa ukuthi isikhwama asihlahlekelwa amanzi," kusho uMnuz oweluleke abantu ukuba babike izinkinga zabo zamanzi emakhanseleni abo.



SEND ME TO BUILD THE MZANSI I WANT
2030 NDP
"Sindawonye Siyahlinzeka futhi Siyakhula"

# I-Harry Gwala neminyakazo yokuphakela iSifunda sonke amanzi

**Akusensuku zatshwala kuphothulwe imisebenzi eminingi yokuphakelwa kwamanzi kuMasipala weSifunda i-Harry Gwala njengoba iningi layo isihleli ku-95% ukuba iqedwe. Ukuphela kwala maphrojekthi kuzobeka uMasipala esigabeni sika-65% wokuphakelwa kwamanzi sisuka ku-55% kulesi sifunda.**

Lokhu kuvezwe ophethe uphiko lwamanzi - oyiMunicipality Executive Director for Infrastructure Services - uMnuz Nkululeko Biyase (osesithombeni), odalule nokuthi sebekwazile ukususa izithiyo eziningi ezadaleka ngesikhathi sokwakha.

Kula maphrojekthi kubalwa eyaseMnqumeni esisezingeni lokuvivinywa kozinzo lwayo nokuthuthukiswa kwamathangi lapho kuhlanzwa khona amanzi. Kumanje le ndawo isesigabeni sokulungela ukuphasiswa, nabasebenzi sebeqeqeshiwe ngamakhono okusebenza kule ndawo.
Ukuba khona kwale ndawo kuzoqaqa izinkinga ebezibhekene nezigodi ezingu-14 ebezingenamanzi phambilini nalapho sekuvuselelwe khona ingqalasizinda.

Isimo sephrojekthi yase-Ibisi, esihlanganisa nokuxhunywa kwamapayipi athutha indle, siku-95% wokuthi kuphele kanti ibhekwe ukuthi kuxhume imizi eminingi esizoba namathoyilethi ashaywayo uma sekuqediwe.

Omunye umsebenzi oke waba nezinselelo iKwaMeyi, lapho izinkontilaki zike zaba nenkinga yokungabi namakhono afanele ukukwazi ukuqeda umsebenzi. Ngaleyo ndlela zashintshwa, kwafakwa abanye njengoba sekulindeleke lo msebenzi uphothulwe ngo-Okthoba 2024.
UMnuz Biyase uchaze ngokuthi vele kunezingqinamba ezindala kule ndawo ezadala ukuqhuma kwenqwaba yamapayipi ngesikhathi kuxhunywa amanye.
Omunye obhekwe ngabomvu ukuthi uphele maduze i-The Greater Summerfield Project, okungaphela uSepthemba sekulunge konke. "Sikhuluma nje simatasa nokuvivinya ukulungela kokusebenza kwale ndawo, nokusonga ngezindonga zamathangi," kusho uMnuz Biyase.



**UMqondisi oMkhulu woPhiko IwezeNgqalasizinda:** UMnu Nkululeko Biyase (ongowesithathu kusuka kwesokunxele)

Ecacisa ngesimo sase-Fairview, uthe nalapho sekuqediwe kulandela ukubambezeleka ngemuva kwezinkinga zengqalasizinda yokuthutha indle.

Mayelana namaphrojekthi amabili ngaphansi koMasipala uMzimkhulu, uMnuz Biyase uthe kumanje sekufakwa olayini bokuthutha nesiphehli kanti nezindonga seziya ngasekupheleni. "Uyabona uma kuphela lo msebenzi, indaba yokugeleza kwamanzi anendle ehlupha eMzimkhulu iyophenduka umlando.
Uphinde wabalula i-Horseshoe Sanitation Project, iSifunda esesikwazile ukuxhuma kuyo imizi engu-634 enamathoyilethi ashaywayo. Lo msebenzi usuthathe iminyaka eyishumi, kusekhona imizi esingakafiki kuyo," usho kanje.

Iphrojekthi yokuphakela amanzi yase-Creighton ihlanganisa nokuthuthukiswa kwengqalasizinda yamanzi ezokwazi ukuphakela izindawo ezifana no-Centocow njengoba isikhuliswe isuka ekumumatheni u-1 megalitre iya ku-5 megalitres. Uthe into emqoka ngale misebenzi ukunciphisa iziphehli ezizimele, amaphrojekthi abe sezingeni lesifunda lapho kuzomumatheka khona umthamo omkhulu wamanzi, hhayi amanzi adonswa ngama-borehole.

UMnuz Biyase ubuye wathi iDamu iKempsdale, eKokstad, umsebenzi walo usuzoqala ngoba inkontilaki ezosebenza isiqokiwe kodwa bazoqala nge-pumpstation kwazise basalinde ilayisensi eMnyangweni wezaManzi neNhlanzeko ngokukhuphula udonga lwedamu.

Lo msebenzi, ngokusho kukaMnuz Biyase, le nyakanyaka yomsebenzi yiyona enkulu kunayo yonke eqhubekayo eHarry Gwala njengamanje. Bazonweba idamu lisuka emamitheni amane liya ku-7.8 metres. Ekupheleni kwalo msebenzi iKokstad iyophakelwa amanzi iminyaka eminingi ezayo.

# UHULUMENI WESIFUNDAZWE E-KZN NEZINYATHELO ZOKWESEKA UKUHWEBA NGOBOYA BEZIMVU

**UNdunankulu wakwaZulu-Natali uMnuz Thami Ntuli ubeyisihambeli esiqavile ngesikhathi kudluliselwa izinqama namathuluzi okusebenza kwimifelandawonye yabafuyi nabalimi kuMasipala wendawo uMzimkhulu, ngaphansi kwe-Harry Gwala District Municipality.**









UNdunankulu wayehambisana noMphathiswa weZolimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya, uNkk Thembeni kaMadlopha-Mthethwa, ubuholi bendawo okwakukhona kubo iMeya yaseMzimkhulu uJabu Msiya-Mzizi, uSomlomo kaMasipala weSifunda iHarry Gwala uKhansela Sibongiseni Mdunge nobuholi bendabuko.

Ukuhambela kobuholi besifundazwe kule ndawo bekuyingxenye yomkhankaso wokufukula abakhiqizi bakavolo esifundazweni ngokunikela ngezinqama zohlobo lwe-Done Merino.

UNdunankulu noMphathiswa banikela ngezinqama kososeshini abangu-14 eSifundeni, baphinde bethula namathuluzi okugunda izimvu nezidingo zokubiya.

UMphathiswa uKaMadlopha-Mthethwa wagcizelela ekutheni ukuthuthukisa umnotho yiyona ndlela enamandla ekwehliseni ububha ezweni. Uthe uMnyango wakhe uzoqinisa imizamo yokweseka ukukhula komnotho wezindawo ezisemakhaya ngokuxhasa abalimi ngezinsiza.

"Inselelo enkulu esibhekene nayo ukwehlisa indlala, silwe nokugqoza kwemisebenzi nokungalingani. Ngaleyo ndlela lolu hlelo luzosiza abalimi ukuba bakhule kule mboni kodwa kube kusizakala umnotho emakhaya," kusho uMphathiswa Madlopha-Mthethwa.

UNdunankulu noMphathiswa baqala usuku ngokuhambela idiphu elisanda kwakhiwa eNgudwini, nalo okuwuhlelo lokudala amathuba emisebenzi. Ephawula kulo mcimbi, uSomlomo uMdunge wezwakalisa ukubonga ngosizo olukhishwa uhulumeni wesifundazwe, ethi iSifunda siphila ngokubambisana nabalimi bendawo besikala kwezohwebo. USomlomo wacela uNdunankulu noMphathiswa ukuba baqinisekise ukuthi abalimi bayasizakala ngengqalasizinda nokuvuleka kwezimakethe abazoyisa imikhiqizo yabo kuzo.

# Kugujwe Usuku Lokuzalwa luka-NELSON MANDELA e-Harry Gwala District





**Imeya kaMasipala weSifunda iHarry Gwala, uKhansela Zamo Nxumalo, ihambisana neMeya yaseBuhlebezwe Local Municipality uKhansela EB Ngubo, bathathe usuku baya esibhedlela iChrist The King eXobho lapho bebesiza behlanza futhi bependa isakhiwo salesi sikhungo.**

Izimeya zijoyinwe iziMenenja nabasebenzi bomasipala, namalungu ombutho we-SAPS, abakwa-Correctional Services nabanye abasebenza kuso isibhedlela nabantu bendawo. Laba bapende ingxenye yesibhedlela baphinde bavakashela iwodi yezingane ezisanda kubelethwa lapho bedlulisele khona izipho zezingubo zabantwana ezintsha. Bekwenziwa lokhu njengengxenye yomkhankaso wokugubha uSuku lomhla ka-18 Julayi lukaMandela lapho abantu emhlabeni wonke bekhuthazwa ukuba benze okuthile okuhle okungenani imizuzu engu-67.

Ekhuluma ngalolu suku, uMeya uNxumalo uthe kumqoka ukukhumbula uMadiba ngale ndlela ukuhlonipha iqhaza lakhe ekusebenzeleni abantu. "Silapha namuhla ukukhumbula nokugubha konke okuhle okwenziwa nokwakumelwe uMandela. Sithe asithathe lolu suku, sishiye emahhovisi emisebenzi yethu sibe lapha esibhedlela, sizopenda siphinde sihlanze indawo yeziguli ukukhombisa ukuthi siyabathanda. Sikhuthaza nabanye ukuthi banikele ngale mizuzu engu-67 namuhla, wenzele umphakathi okuwo okuhle. Sifuna lo mkhuba kube yinto yaminyaka yonke," kusho uMeya uNxumalo.

Ngalolu suku kusuke kuhlatshwa umkhosi kuwo wonke umuntu, izinhlangano nemiphakathi ukuthi bathathe le mizuzu bacabange ngokuthi kungenza umehluko ongakanani uma wonke umuntu enza njengoMandela, ahambe ezinyathelweni zakhe ngokwenza okuncane nje okuzosiza abanye.

UMeya uMkhatshwa usebenzise leli thuba ukugqugquzela abantu base-Harry Gwala ukuthi bangalithathi kancane leli thuba lokunyonkela kokwenziwa uMadiba enikela kubantu baseNingizimu Afrika - noma ngabe ukuhlanza igceke lomuntu omdala ongasenamandla okuzenzela endaweni okuyo.


















# Umgubho Wabesifazane

**UMasipala weSifunda i-Harry Gwala, ngokubambisana nemiNyango kahulumeni ehlukene nezinhlaka ezithintekayo, babe nombuthano wokubungaza abantu besifazane eHholo lomphakathi eBulwer, ngaphansi kukaMasipala wendawo i-Dr Nkosazana Dlamini-Zuma.**

Uhlelo lomcimbi belugxile engqikithini yokuziqalela ibhizinisi, lapho abesifazane bebenikwa amathiphu okuqala amabhizinisi amancane, ukukhangisa imisebenzi yabo nemikhiqizo abayenzayo. Kulo mbuthano kuphinde kwavela ithuba lokuthengisa imikhiqizo yalabo asebenokuncane abakuqalile. Lapha bekuhlangene abesifazane abaqhamuka kuzo zonke izinkalo eSifundeni ukuzogubha nokuthola ulwazi njengoba inyanga u-Ndasa kuyinyanga yabesifazane.



# Ikhansela Elinothando lokuThuthukisa Abantu

**UZimbili Precious Dlamini ujoyine uMasipala weSifunda i-Harry Gwala waba yikhansela ngoNovemba 2021. Kuthe mhla ka-8 Disemba kuwo lowo nyaka wakhethwa uMkhandlu ukuba abe nguSihlalo wekhokhasi yabesifazane, manje esiyaziwa nge-Women's Commission.**

Uhambo lukaKhansela Dlamini emkhakheni wezombusazwe lwaqala ukuba semehlweni abantu ngesikhathi ejoyina i-African National Congress (ANC) ngo-1996. Ngo-1995 wazibandakanya ne-ANCYL elungiselela ingqungquthela yokuqala yesifunda. Kukuwo lo nyaka lapho akhethwa khona waba ngunobhala wegatsha iCentocow ngaphansi kwesifunda esincane Ingwe.

Ngonyaka olandelayo wakhethwa waba uSihlalo we-ANCYL Ingwe Sub Region, okwahole-la ekutheni akhethelwe ukuba yilungu lesigungu elengeziwe le-ANCYL ezingeni leSifunda. Waba ngumgqugquzeli futhi wesifunda esincane ngo-2008, kwathi ngo-2014 waba yisekela likaSi-hlalo wegatsha iMandlakayise Dlamini branch.

Ube esekhethwa njengonobhala wegatsha ngo-2015, wakhuphukela ekubeni uSihlalo ngo-2017. Kuthe ngo-2019 wakhethwa waba yisekela nobhala esifundeni esincane i-Dr NDZ. Ngo-2021 ubeyisekela likanobhala wegatsha nokwathi ngokhetho lohulumeni bezindawo ngawo lo nyaka waba yivolontiya. Uke waba ngumdiidiyeli e-Dr NDZ ngo-2019, ngo-2020 nango-2024.

Phambilini, namanje, ubesebenza njen-gomdidiyeli ohlelweni iFamily Literacy Project okungumsebenzi awuqala eqeda isikole. Lolu hlelo lubhekene nokugqugquzela ukufunda ezinganeni nakubantu abadala. Basiza izingane uma sezizongena esikoleni, basize nabazali ngamakho-no okulungiselela izingane ezifundayo.



**UKhansela, UNks Zimbili Precious Dlamini**

Ukhombise ikhono nesipiliyoni kakhulu eseqeqesha ngaphansi kohlelo lwezinkulisa i-ECD bebambisene nohlelo lwe-CWP komasipala i-Dr NDZ noBuhlebezwe. Lapha wayeqeqesha abantu besifazane ababesebenza ezinkulisa.

Uphinde waba namagalelo amakhulu ohlelweni olwalwaziwa ngeClassroom Library ezikoleni ezingu-20 kuMasipala i-Dr NDZ nezine eBuhlebezwe. Lolu hlelo lwalusekwe yi-Wits University.

Ngleyo ndlela ukufukula abanye abantu kusen-hliziyweni yakhe uZimbili njengoba namanje esazibandakanye nohlelo Isibani Sezwe Creche Association lapho elekelela abanikazi bama-creche ngokubaqeqeshela ukuwaphatha, ewasize nasekuqoqeni iminikelo.

Ukusebenza nabantu yinto azalwa nayo, kwazise ukhuliswe abazali nabo ababengabaholi.

Esesesikoleni wayezibandakanya nezinhlelo zabesifazane endaweni. Waba yingxenye ye-Women's Leadership and Training Project ne-Centocow Leadership Training Group lapho babeqeqeshelwa ubuholi.

NjengoSihlalo we-Womens Commission, unesifiso sokukhula ebuholini kuMasipala aphinde afukule nabanye besifazane eSifundeni. Ubheke ekugxileni emikhakheni eyahlukene okubalwa kuyo ubuholi, ezamabhizinisi neminye imikhakha abesifazane abakuyo nebathintayo.

UZimbili unaye umaqondana, ungumama wabafana ababili kanti unothando lokusebenza nabantu.

# I-HGDM Iqinise Isikimu Ngokuqoka Sethimba Lezezimali

**Umasipala weSifunda iHarry Harry Gwala usanda kuqasha uNkk Slindile Mkhize-Zitha esikhundleni sokuba yiPhini le-Chief Financial Officer.**



**Isekela leNhloko oPhikweni lweZimali (CFO):** UNks Slindile Mkhize-Zitha

Le ntokazi eyazalelwa yakhulela oLundi, eMahlabathini, yaphothula umatikuletsheni eVukuza High School, khona eMahlabathini. Wabe esehloma ngeziqu ze-Bachelor of Accounting Science, waphinde wengeza nge-Post Graduate Diploma in Accounting Science.

Ufunde wagogoda waze waba yi-Chartered Accountant ngemuva kokuqala ngokusebenza kwa-South African Police Services. Ngemuva kwalokho wafudukela enkampanini yemayini iHarmony Gold Mine lapho ayesebenza khona njenge-Senior Creditors Clerk.

UNkk Mkhize-Zitha wenza ama-articles akhe ehhovisi le-Auditor General of South Africa, waphinde waqhubeka iminyaka emine eqedela izifundo zakhe. Ekushiyeni kwakhe lapho wadlulela eMnyangweni kaMgcinimafa KwaZulu-Natal, lapho ayesesikhundleni se-Deputy Director ophikweni lwe-Municipal Accounting and Reporting.

Phakathi kwezinto azibalulile njengezifiso zakhe kulo msebenzi omusha, uNkk Mkhize-Zitha uthe unesifiso sokuthi ukuqokwa kwakhe kuzoba nomthelela omuhle ekulekeleleni uMasipala uthole umbiko ongenagcobho kwezezimali, ukwazi nokuphucula ukulawulwa kokusebenza kwemali.

"Ngethemba ngizokwazi ukusiza ekuqiniseni nasekwenzeni ngcono ithimba Budget and Treasure Office (BTO) ekuphathweni kwezimali, ngikwazi ukwedlulisela ikhono nokuhlela ukuqeqesheka kozakwethu e-HDGM ukuze senze ngcono imibiko yezimali," usho kanje uNkk Mkhize-Zitha.

# Isikhulu Esiphezulu Ophikweni lwamanzi Uyazikhandla Emsebenzini Wakhe Futhi Uhlezi Eqikelela Ukwenza Okuhle

**Umasipala weSifunda iHarry Gwala usanda kuhlabana ngekhono elisha ngemuva kokuqokwa kukaMamakhooa Ntamane esikhundleni sokuba yi-Senior Manager: Operations and Maintenance ophikweni lwezaManzi.**

UNtamane uhlome ngeziqu ze-National Diploma kwi-Civil Engineering azifundela eMangosuthu Technikon. Uphinde abe ne-BTech kuzo eze-Civil Engineering esezithola eDurban University of Technology, waphinde wengeza nge-Post Grad Diploma kweze-Project Management zaseMANCOSA. Akagcini lapho kwezemfundo njengoba enesitifiketi iNational Certificate in Water and Wastewater Management.

Abazi amava akhe uNtamane bathi ungungqondongqondo kwezokunakekelwa nokuxazululwa kwezinkinga zamanzi. Kuvela ukuthi uneso elibukhali kwezokukhenikha ubuxhakaxhaka bobunjiniyela yokusebenza amanzi kanti ungumshini kwezokugcinwa kahle kwamarekhodi omsebenzi okwenza umsebenzi wakhe uhleleke.

UNtamane ngokwakhe uzichaza kanje: "Ngiwumuntu okhuthele isidalo, futhi ngithanda ukwenza umsebenzi ngobunono. Ngimandla ekuhumusheni izinto ezibhalwe phansi ukuze kuhlangabezwane nezikhathi ezinqunyiwe kwezokusebenza kwamanzi nenhlanzeko yawo. Ngikholelwa ukuthi ikhono lami kwezokubunjiniyela lisezingeni elifanele ukuthi ngibhekane nanoma yisiphi isimo ngesabelomali esibekiwe nokuxazulula izinselelo ngokushesha."

Lo njiniyela usevele ugabe ngesipiliyoni kwezokuphatha njengoba esesebenze iminyaka emithathu eyi-senior manager kwezamanzi. Uneminyaka



**OyiMenenja enkulu kwezokuSebenza nokuKhanda oPhikweni lwaManzi:**
UNks Mamakhooa Ntamane

eyishumi ephethe njenge-Area Manager: Water and Sanitation Services kanti usebenze iminyaka eyisishiyagalombili engungoti kwezobunjiniyela bamanzi.

Lo msebenzi akuwo manje uzobheka ukusebenza jikelele nokunakekelwa kwengqalasizinda yamanzi. "Ngilawula ukusebenza nokudingeka kwamanzi, ukongeka kwawo nokubheka intuthuko entsha ngaphansi kukaMasipala," usho kanje echaza ngeqhaza lakhe.

"Ngiphinde ngididiyele ukufakwa kwamamitha asemizini yabantu nawamakhasimende
amakhulu."

Amava kaNtamane ahlanganisa ukusebenza njengoMqondisi ophikweni lwamanzi ngaphansi kwe-Steve Tshwete Local Municipality, e-Eastern Cape.





UNks Ntombifuthi Mkhize: **Umshayeli Wamaloli**

# Umshayeli Wamaloli wase-HGDM Ayikho Emjabulisa Ukwedlula Umsebenzi Wakhe

**Kuyimvama ukuthi uma ekhuluma ngomshayeli wamaloli amakhulu kufike kuqala isithombe sowesilisa esesitelingini engqondweni. Kodwa kuMasipala weSifunda iHarry Gwala kukhona okwehlukile njengoba kunomshayeli wesifazane ozigqajayo ngalomsebenzi.**

Lokhu ngenye yezindlela zokuqinisekisa ukuthi kukhuthazwe ukulingana ekutholweni kwamathuba, kuphele nenkolelo yokuthi imisebenzi ethile ifanelwe ukwenziwa amadoda kuphela.

UNtombifuthi Mkhize (56) ungumshayeli weloli e-Harry Gwala District Municipality ongenamahloni ngomsebenzi awenzayo, empeleni uwujabulela usuku nosuku uma evuka eyoqala emsebenzini.

Ubufakazi bothando lwakhe ngalo msebenzi ukuthi waqala ewenza ngale kokuthunywa, noma ukuholelwa, kwaze kwaba kuvuleka izikhala zabashayeli kuMasipala, kwatholakala ukuthi usewuhlomele umsebenzi. UMkhize usebenzela uMnyango wezaManzi neNhlanzeko kuMasipala.

Kumanje ungugogo wezingane eziyisithupha, kanti ukholelwa ekutheni uhambo lwakhe kulo msebenzi luyisifundo sokuthi ukubekezela kuzala impumelelo, nokuthi abantu kumele bazi ukuthi izinselelo ziyamakha umuntu.

"Akuyona yonke into oyifisayo ezokwenzeka ngendlela ethandwa nguwe, kokunye impilo ikunika okwehlukile okudinga ukuba uqine uphokophele phambili," kusho uMkhize.

Uphinde wabalula ukuthi wayeqashwe njengomsebenzi ojwayelekile enza okuningi kodwa wagcina eseqashwe njengomshayeli okuyinto aseyenze iminyaka engu-14. Echaza ngohambo lwakhe ekubeni umshayeli weloli, uNksz Mkhize uthe udlule kokuningi abantu abakholelwa kukho kangangokuthi abaningi babembuka sengathi kukhona okonakele ngaye uma bembona eshayela iloli. Kodwa uthi ukukhulela emndenini wabashayeli kwamenza wangaba nankinga njengona umfowabo ungumshayeli webhasi kanti noyise wayeshayela wona amaloli.

Esaqala ukusebenza wayenelayisense uCode 10, wabe esefundela uCode 14 okuyiwo owamnika igunya lokushayela amaloli amakhulu. Ukushayela amaloli lokhu waqala ekwenza elekelela ozakwabo emsebenzini okwamsiza kakhulu ngesipiliyoni.

"Kwesinye isikhathi abantu bayadelela uma ngilethe amanzi, mhlawumbe uma sekwedlule isikhathi. Baba nayo yonke inhlobo yemibuzo nokubhingqa. Konke lokhu kudinga isineke nothando emphakathini owusebenzelayo. Ngiyawuthanda umsebenzi wami wokuba umshayeli weloli wesifazane. Anginankinga nencane, ngisebenzela abantu," kusho uNksz Mkhize.

# Ukusebenza Kanzima nokuziMisela Ngukhiye Wempumelelo

**Waqala ebambe itoho lokufunda amamitha izinyanga eziyisithupha, waze wagcina eseqashwe ngokugcwele esenanezicucu zemfundo ukwenza umsebenzi akuwo manje. Lobu ubufakazi bokuthi ukusebenza ngokuzikhandla kunemiphumela emihle.**

Lunjalo uhambo lukaNontuthuzela Majikijela (60) owazalwa eMount Fletcher, esigodini saseNxotshana, olekelelwe uMasipala weSifunda iHarry Gwala ukufeza iphupho lakhe njengoab esesebenza emahhovisi kaMasipala ophikweni lwakwa-SCM. Impumelelo yakhe iphinde yaveza ukuthi iminyaka ayilivimbi iphupho lomuntu.

"Ngathutha ngayohlala eKokstad, yilapho ngathola ngomasipala weSifunda (usabizwa ngeSisonke District Municipality). Ngiqala ukuqashwa ngangithatha izinombolo zokusebenza kukagesi emamitheni, ngino-matric nesitifiketi sekhompyutha," kuchaza uNontuthuzelo ngohambo lwakhe.

"Ngazikhandla, ngenza konke okusemandleni ukuzimisela kwagcina inkontileka yami yezinyanga eziyisithupha ivuselelwa. Ngesikhathi ngikuleli toho ngacela ukusizwa ngokuqeqeshwa ngokuqonda kabanzi ngokusebenza kwalezi zinombolo esiziqoqayo kumakhompyutha. Ngenxa yokuzimisela iSifunda sangenelela saselekelela ukuthi siqhube imfundo yethu. Abanye bethu ababenomndlandla balemukela ngezandla zombili ithuba," usho kanje.

"Ngaqhuba izifundo zami e-Unisa ngenza iPublic Managemet ngaze ngathola iziqu. Ngakwazi nokuba yingxenye yezinhlelo eziningi zokuqeqeshwa. Ngokuhamba kwesikhathi kwavela amathuba, ngomusa kaNkulunkulu ngagcina ngithole umsebenzi wokuba yi-Admin Assistant SCM Demand okuyiwo engisekuwo namanje," kusho uNontuthuzelo

Uthe indlela yakhe eHarry Gwala District Municipality lube nezibusiso kakhulu, wengeza ngokuthi nanokuthi usekhule wafunda okuningi kungenxa yokwesekwa uMasipala weSifunda. "Ngibonga kakhulu ngaleli thuba engalinikwa."




**Osiza Omabhalane kwa-SCM:**
UNksz Nontuthuzela Majikijela

> **Ngazikhandla, ngenza konke okusemandleni ukuzimisela kwagcina inkontileka yami yezinyanga eziyisithupha ivuselelwa. Ngesikhathi ngikuleli toho ngacela ukusizwa ngokuqeqeshwa ngokuqonda kabanzi ngokusebenza kwalezi zinombolo esiziqoqayo kumakhompyutha. Ngenxa yokuzimisela iSifunda sangenelela saselekelela ukuthi siqhube imfundo yethu. Abanye bethu ababenomndlandla balemukela ngezandla zombili ithuba**

# Sikwethulela Umdidiyeli we-EPWP

**Useqokwe njengoMdidiyeli wohlelo lwe-EPWP kuMasipala weSifunda iHarry Gwala, uZanele Bavu owaqala ukusebenza eyithwasa eMnyangweni we-Community Services kuMasipala iGreater Kokstad. Ngaphambi kokuba kulesi sihlalo, uBavu ubengaphansi kwenkampani Impande Consulting Engineers lapho ebesebenza khona njengosomaqhinga kweze-EPWP ngaphansi kwayo iHarry Gwala.**

UBavu wazalwa, wakhulela esigodini ICala eMpumalanga Kapa lapho athola khona isitifiketi sikamatikuletsheni eHillside High School eGqeberha, eyayibizwa nge-Port Elizabeth ngalezo zikhathi. Wahloma ngeziqu ze-Bachelor of Administration egxile kwezikandabazabantu, kanti kumanje wenza iziqu ze-BCom Honours kwi-Industrial Relations.

**Selokhu ajoyina uMasipala weSifunda iHarry Gwala njengoMdidiyeli, uBavu useyibekile induku ebandla ngalokhu okulandelayo:**

- Ukuba sendaweni yesibili yokwenza kahle kohlelo lwe-EPWP esifundazweni sonke selokhu ejoyine iSifunda
- Waqasha abasebenzi abangaphezulu kuka-1000 esebenzisa i-EPWP incentive grant (MIG) ne-WSIG ngo-2019.
- Wenza izinguquko, nasaqhubeka nazo, ezimpilweni zabantu ebe ehlomisa abantu ngamava, ingqalasizinda namakhono eSifundeni.
- Ngo-2023 uMnyango wakwa-Cogta wahlonipha uhlelo lwe-EPWP eHarry Gwala njengoluvelele ngamaphrojekthi engqalasizinda esifundazweni.

Enaba ngazokwenza esikhundleni sakhe esisha, uBavu uthe: "Nginesifiso sokuguqula indlela yokuqhutshwa kwezinhlelo ze-EPWP zihehe kakhulu intsha. Kumele kube namasu okudlulisa abahlomula kwi-EPWP bakwazi ukuqala amabhizinisi amancane angama-SMME nemisebenzi ngamakhono abawatholayo ukuze baqasheke nakumasipala.



UNks Zanele Bavu:
**Umdidiyeli wakwa-EPWP**

"Abesifazane abakulo mkhakha ofana nowami ngingathi kubo abazinikele futhi babekezele uma benza umsebenzi wabo. Lo umsebenzi udinga ukwazi ukusebenza nabantu, ikakhulu ezindaweni zasemakhaya lapho bedinga incazelo ecacile ezintweni.

Okumqoka ukuqinisa kumaphrojekthi adinga umsebenzi wezandla. Phezu kwakho konke kumele namasu okwenza umsebenzi wakho ube yimpumelelo," kuchaza uBavu.

> **"Umyalezo wami kubantu besifazane abakulo mkhakha ofana nowami ngingathi kubo abazinikele futhi babekezele uma benza umsebenzi wabo."**

# Umbukiso
## woSosayensi Abancane

**Usosayensl abasafufusa bebehlangene esikoleni iLittle Flower Secondary lapho bekunom bukiso oxhaswe abakwa-Eskom ohlose ukukhuthaza abanesifiso sokuba kule ndima. Laba banikwe ithuba lokuveza amava abo ngamacebo esayensi asungulwe yibo.**

Kule nyanga sigubha amagalelo abesifazane, sithi njengamantombazane akube yincwadi phambili, abafana besale emuva. Gxilani ezifundweni zenu, nisenze siziqhenye ngani.

"Kinina bafana bami, ngake ngezwa isigangi sezidakamizwa sithi amakhasimende ethu asezikoleni, ngakhubeka kakhulu ngalokhu engakuzwa ngoba kusho ukuthi sibhekene nengozi enkulu," kusho uKhansela uMdunge.

"Qaphelani kakhulu zinsizwa, ningangeni ogibeni lwezidakamizwa nibulale ikusasa lenu. Ngiyazi niyezwa nina, ngaleyo ndlela ngiyajabula futhi ngiyaziqhenya ukuma lapha nginifisela okuhle kodwa."






Kube yithuba eliyisimanga kubafundi abasebancane elibenze bakwazi ukuxukuza ugebhezi, bekhipha unyawo ngokusemiqondweni yabo. Lapha bakhangise ngemisebenzi yabo namakhono okusungula izinto ezintsha emikhakheni efana ne-Agricultural Science, Animal Science, Biomedical neMedical Science, Chemistry, Engineering ne-Environmental Studies, okusho okumbalwa.

Uhlelo lubuye lwahanjelwa nawuSomlomo waseHarry Gwala District Municipality, uKhansela Mdunge obekhulumela uMeya weSifunda uKhansela ZD Nxumalo. Wabelene nabebekhona amazwi akhuthazayo, ephawula ngokuthi uyazigqaja ngamakhono awabonayo.

"Kuyajabulisa engikubonayo, ngisho labo abasuka ezindaweni ezisemakhaya ezingakathuthuki ngokwanele, senikhombise ukuzimisela okukhulu nokuba nekusasa elihle.

Udokotela wamazinyo wasendaweni, uNkk Nkanyezi Baai (26) naye wayeyingxenye yomcimbi emenywe njengesikhulumi sosuku ezokhuthaza ososayensi abasebancane.

"Ngithokoza kakhulu ukuba nani namhlanje. Igama lami nginguNkanyezi Baai, nginеminyaka engu-26. Ngenza izifundo ze-dental therapy futhi nginamasejari amabili. Isizathu sokugcizelela iminyaka yami ukuveza ukuthi ungaba nempumelelo noma usemncane. Kodwa udinga ukulalela, uzimisele ngekusasa lakho, ayenzeka amaophutha kodwa phela funda kuwo uqhubekele phambili," kusho uBaai.

UMasipala weSifunda iHarry Gwala uthokoze kakhulu ngalolu hlelo ngoba luthuthukisa amakhono kwabasebancane, bakhuthazeke futhi bakwazi ukugwema ukuphoseka ezikhinsini ezingabuyiseli.

# Ifu Elimnyama KuMasipala weSifunda i-Harry Gwala


**Kube nemizuzu emuncu kubasebenzi bakaMasipala weSifunda eHarry Gwala ngesikhathi bevalelisa kowayenguzakwabo osanda kwedlula emhlabeni. UQondokuhle Mdladla wayesebenza ehhovisi elikuMasipala i-Dr Nkosazana Dlamini Zuma, eMnyangweni wezamanzi.**

Abasebenza naye bamchaze njengomuntu owayezikhululekele emoyeni futhi ezinikele kakhulu emsebenzini wakhe. Inkonzo yokumvalelisa ibibanjelwe eJunction Hall, eDonnybrook, wabe eseyobekwa endlini yakhe yokugcina khona endaweni.

Inkulumo, egameni lezisebenzi zikaMasipala, yethulwa oyiMenenja kwa-Corporate Services, uThobile Thelma Thiyane-Mgaga. Uchaze umufi njengomuntu obezithobile nowake wahlangana naye ekusebenzeni.
"Yize ebengumuntu okhululekile, wayezehlisa futhi enobuhlakani emsebenzini," usho kanje.

IPhini leMeya uKhansela TN Jojozi, uhambe emazwini afanayo ngesikhathi eduduza umndeni nabahambele inkonzo yomngcwabo. Uthe ukulahlekelwa umuntu obekade ebheke umndeni kudala ubunzima ekhaya. Ukhuthaze izihlobo ukuba ziqine ngalesi sikhathi sobunzima. "UMdladla wayengumuntu ohloniphayo futhi eyindoda eqotho ngaso sonke isikhathi."

Umndeni, abangani, nozakwabo kanye nomphakathi bebephime ngothi lwabo ukuzohlonipha impilo eyiphilile nabo. Bonke bebekhuluma ngazwi linye ekutheni uMasipala weSifunda iHarry Gwala ulahlekelwe kakhulu. Impela uMdladla uyohlala ekhunjulwa njengesosha eliwele empini, sengathi umndeni ungathola induduzo uma ubheka impilo eyiphilile.













# BATHOBEKE AMANXEBA ABAKHAHLANYEZWA YIZIKHUKHULA EMZIMKHULU

**Imindeni engaphezulu kuka-100 eyadilikelwa yimizi eHarry Gwala District Municipality ngesikhathi kunezikhukhula kulo nyaka, ithole usizo ezinhlanganweni ezahlukahlukene muva nje.**

Ukukhishwa kwezinsiza ezahlukene nezipho kuqale eBombo Community Hall, eMzimkhulu, lapho izakhamizi bezijabule ngokwamukela izipho kwabakwa-Red Cross, Eskom naboPhiko lwakwa-Disaster Management kuMasipala. Uphiko lwakwa-Disaster Management lusebenze ngokuzikhandla luqoqa imininingwane ngomonakalo owadalwa yizikhukhula, lwaphinde lwacubungula uhlobo losizo oludingekayo emindenini eyathinteka ezindaweni ezahlukene.

Izinhlangano ezifana ne-Red Cross ne-Eskom zelekelele ngokunikela ngamaphasela anezidingo kubantu njengezinto zokugeza nenhlanzeko, izitofu namafriji, okokupheka, ukudla, omatilasi nezingubo zokulala. UKhansela Nompumelelo Damoyi, obenalabo abathinteka, uthe uthokoze kakhulu ngezipho ezizoba wusizo njengoba kukhona nabantu abebethwele kanzima kusukela ngezikhukhula zangoJanuwari.

"Iningi labantu ladilikelwa yizindlu, kwalahleka nokokudla.

UPhiko lwakwa-Disaster Management lwafika lwahlola isimo, lwabambisana nabe-Red Cross nabakwa-Eskom ekutheni abakhohliwe," kusho uKhansela uDamoyi. "Kuyasithokozisa ukuthi imindeni engaphezulu kuka-20 isithola ukwesekwa okunjengalokhu." Izakhamuzi nazo bezijabule kakhulu ngemuva kokudonsa kanzima isikhathi eside selokhu balahlekelwa yuizimpahla zabo.

UNksz Octavia Dlulisa, ongomunye wabathinteka, uthe: "Kuyajabulisa ukuthi uMasipala uyasicabanga nathi," esho ebuka izimpahla azitholile. Ngokusho kukaNksz Thembekazi Nxumalo wakwa-Red Cross, ingaphezulu kwekhulu imindeni eyakhele i-Harrry Gwala ezohlomula kulolu sizo. UMnuz Nhlanhla Mdadane obemeke uMasipala qweSifunda i-Harry Gwala, uzwakalise ukubonga egameni likaNkk Thandi Dzanibe oyiNhloko yakwa-Disaster Management eeSifundeni.

Ubonge abakwa-Red Cross ngokuhlala bekhona uma kuvela izimo zenhlekelele. Uphinde wabonga ithimba lakwa-Disaster Management kuMasipala i-Dr Nkosazana Dlamini-Zuma, anmakhansela amawadi namakomidi ngokubambisana.
Ithimba lisuke eBombo Community Hall, laya eGugwini Community Hall. Ngakusasa bakhipha izinsiza koMasipala wendawo uBuhlebezwe ne-Dr Nkosazana Dlamini-Zuma.

# Ishisandlu Nemililo Yacekela Phansi Okuningi e-Harry Gwala

Umasipala weSifunda iHarry Gwala waba nezivuvaba ezininGi zomoya weshisandlu nemililo yequbula eyalimaza impahla eningi komasipala bendawo ngenyanga kaJulayi 2024.

One hundred and eleven (111) households and six (6) livestock farms were affected. Forty-six (46) households and one (1) farm was totally destroyed, while fifty-six (56) households were partially damaged.

UMasipala iGreater Kokstad Local Municipality owathinteka kakhulu ngenxa yomlilo owabhonqula amadlelo emapulazini eSwartberg. Ayisithupha amapulazi aphazamiseka ngoJulayi, kwalimala nemfuyo eningi. Kwasha imizi egu-111, kwadaleka umonakalo omkhulu emapulazini emfuyo. Kule mizi eyasha ingu-46 eyangqongqa yaba ngumlotha, kwaba yipulazi elilodwa elacekeleka phansi kwangasala ngisho. Emizini engu-56 kwasha ingxenye yezakhiwo kwathi abantu abangu-17 basala bengenayo indawo yokufihla ikhanda. Abangu-176 baphazamiseka ngenxa yale mililo, imfuyo engu-157 yasha yaba ngamalahle. Le mililo yashiya iningi lamadlelo eyihlungu.

Abezimo eziphuthumayo benza konke okusemandleni ukulawula umlilo owawusha ubuhanguhangu. Kwaphuma abakwa-GKM Fire and Rescue Services nabe-Working on Fire bebambisene nabalimi bendawo. Nabakwa-Eskom basukumela phezulu ekuvikeleni izigxobo zikagesi nokubuyisela ezathinteka emoyeni nasemlilweni. Bakwazi ukufinyelela kuma-switch ngokushesha behlukanisa izindawo ezishayo nezintambo ezinkulu ukuze kungaphazamiseki izindawo eziningi.

| USUKU | I-WADI | INDAWO | IZIBALO ZAMAKHAYA KANYE NEMFUYO EYATHINTEKA |
|---|---|---|---|
| 07 July 2024 | 2 & 6 | Evatt farms closer to D618 & Dorning Crushers | Grass & Eskom poles |
| 09 July 2024 | 9 & 10 | next to Nolangeni<br>Bhambayi & Marikana | 2 Households damaged |
| 9 & 12 July 2024 | 3 | Briden Farm near the Sewage works | No damages (grass only) |
| 12 July 2024 | 6 | Near the Kokstad Landfill site | No damages |
| 14 July 2024 | | Bultfontein (Ettrick) near Swartberg | No damages |
| 14 July 2024 | | Springfontein Farm near Makhoba at Swartberg | No damages |
| 15 July 2024 | 9 | Structural fire at Bhongweni Township | One flat damaged |
| 20 July 2024 | | Klipdrift Farm at Swartberg | Lost 132 sheep's and 25 cows |
| 22 July 2024 | | Rietfontein Farm at Franklin | No damages |





*Izithombe zikhombisa infuyo eyashiswa imililo emadlelweni eeKlif Drift Farm ngaphansi kweKokstad (Swartberg)*

# Imililo eyaqubuka ngo-Ncwaba 2024

**La mapulazi alandelayo acekelwa phansi umlilo wequbula ngeviki lokuqala ku-Ncwaba:**

- UMnyango weZolimo noCwaningo – Kwasha i-substation ephakela ugesi kuleli pulazi kwalimala negushede lokugcina ifolishi.
- Ipulazi i-Kargs – kwasha amadlelo
- Ipulazi i-Bosman farm – kwasha amadlelo emfuyo
- Ipulazi i-Kemps residential – kwasha amadlelo
- • Old orchard Lodge – kwasha idlelo lemfuyo

Abezimo eziphuthumayo be-Greater Kokstad Fire and Rescue basheshe bafika ukuzosiza, belekelelwa yithimba le-Working on Fire.






## KuMasipala i-Dr Nkosazana Dlamini Zuma.

**Nakulo Masipala kwaba nomonakalo ku-Wadi 1 no-7. Mithathu imizi eyasha yangqongqa, kowodwa kwasha ingxenye.**
**Imindeni eyakhahlamezeka yile:**

- • Umndeni wakwaBhengu Egqumeni (wadi 7)
- AbakwaMsomi KwaThunzi (wadi 1)
- Umndeni wakwaCele KwaThunzi (wadi 1)

Umonakalo wahlolwa yithimba labaphathi boMnyango wezimo eziphuthumayo kuMasipala i-Dr NDZ, kwathi imindeni ethintekile yanikezwa usizo olusheshayo.








***Phezulu: Izithombe zikhombisa imizi eyabulawa imililo e-Dr. NDZ local Municipality ku-wadi 1 no-wadi 7 esontweni lokuqala ku- Ncwaba 2024.08.14***





# Wenze Ezibukwayo uMasipala waseHarry Gwala kwimidlalo Mngeni-Uthukela Yeminyaka Yonke



**Amaqembu abemele uMasipala weSifunda iHarry Gwala enze ezibukwayo emidlalweni Umngeni-Uthukela Annual Sport Tournament ebibanjelwe ezinkundleni ku-Siripat Road, eReservoir Hills, eThekwini muva nje.**

Umqhudelwano wanonyaka ubudle ngezinga elithe thuthu nesasasa liphezulu ngenxa yokukhula kwesibalo samaqembu abeyingxenye yawo uma kuqhathaniswa neminyaka edlule. KoMasipala abebemelwe bekukhona i-eThekwini Metro, uMsunduzi Local Municipality, abezifunda Ugu, uMgungundlovu, iLembe neqembu laseSiza Water nelaseMngeni-Uthukela Water Services (UUW).

Amaqembu e-volleyball abesilisa nabesifazane eSifunda iHarrry Gwala abe ngompetha kulo mqhudelwano kwathi ebholeni lomnqakiswano (netball), iSifunda sehlulwa Ugu kuma-semi finals. Iqembu lebhola likanobhutshuzwayo labesifazane ebelidlala okokuqala kulo mqhudelwano lenze kahle kakhulu, kanjalo nelabesilisa. Amaqembu abemele iHarry Gwala akhombise enkulu intshisekelo ngokuzinakekela kwezempilo esebenzisa ezemidlalo.



IMenenja kaMasipala, uMnuz GM Sineke, wamukele ngemfudumalo inkomishi ewinwe amaqembu e-volleyball ehhovisi, wabongela ithimba lase-Harry Gwala ngomsebenzi eliwenzile.

Abahleli bomqhudelwano Umngeni-Uthukela Water babonge wonke amaqembu akwazile ukufika ezokwakha ubuhlobo ngemidlalo.
"Sibonga bonke omasipala nezikhungo ebezikhona emqhudelwaneni wanonyaka. Yize sibe nezihibe ezingatheni, umqhudelwano ube yimpumelelo ekugcineni. Sibongela abawinile emidlalweni eyahlukene, siphinde sithi kuyolunga ngokuzayo kulabo abangaphumelelanga," kusho IMenenja kaMasipala, uMnuz GM Sineke.

Uthe inhloso enkulu bekungukungcwekisana, kuqiniswe amaxhama nokwakha ubuhlobo nobumbano. "Ekugcineni kuyohlala kunoyedwa owinayo uma kuncintiswana. Ngale kokuzinikela kwenu nokwesekwa, le midlalo ibingeke ibe yimpumelelo. Sibonga kakhulu ngokuziphatha kahle kwenu kusukela ekuqaleni kuze kuyophela umqhudelwano.

"Siyazi ukuthi kukhona abathintekile emizimbeni nasemoyeni ngesikhathi kudlalwa kodwa okumqoka ukuthi bekudlalwa, umbango uphelela enkundleni, ngaphandle kube noxolo. Ngiyethemba kuzoba nobungcono ngonyaka ozayo lapho siyobe sisingethwe uMasipala Ugu. Sisafisa ukuqhubeka nale midlalo okumenywa kuyo amakhasimende aphakelwa amanzi i-UUW ukuze sigqugquzele nokuphila emizimbeni," uphethe kanje.












"Sindawonye Siyahlinzeka futhi Siyakhula"

